**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

1. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

2. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

   ISIQEPHU A: Inoveli (35)
   ISIQEPHU B: Umdlalo (35)

3. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

4. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

5. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

6. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

7. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

8. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**OKUQUKETHWE:**
Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| **QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI – LF Mathenjwa*

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-A no-B) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Beqeda nje ukwehlukana noNomkhizo, bengakaqali ngisho ukubingelelana njengezithandani, babone umuntu njenganjeya **ehalazela**. 'Loya muntu ozayo sengathi nguZabalaza nje. Ngibona sengathi useshelele ngoba namhlanje azikho izinsizwa zangakubo. Ngizomncamisa ngimfunge uNomkhizo wakwethu.' Washo la mazwi uSandanezwe wabonakala eshintsha nasebusweni.
'Wenzeni manje uZabalaza Mkhumane ngoba ngithi uyazihambela nje?'
'Shh! Thula wena uzobona khona,' washo ngokufutheka noNokulindela wabona ukuthi hhiya ayingangaye. Ngaleso sikhathi wayeselokhu eqinisa izinduku zakhe ubona nje ukuthi yinsizwa yomZulu ayehlukani nezinduku zayo.
'Hheshe mbhemu! Ake uphinde amazwi akho wethu. Ngithi zibambe ziqine!' Lapho uSandanezwe wayesethibise **okwenkunzi**.
'Amazwi ami athini? Khuluma uqonde wethu ungabe ulokhu ugigiyela.'
'Usabuza kanti!' Qu! Gilikidi!
'Ziphi izinsizwa zangakini? Angishongo ukuthi ngizokuthola? **Vuka uzithathe**.' Ngaleso sikhathi uZabalaza wayesebomvu phansi egqihisa okwenkomo igwaziwe.
'Kahle bo Sandanezwe ukumbulala. Sale usumyeka ngoba usewile, uzoze uzibangele amacala ngento engekho.'
'Ungathi yinto engekho kanjani? Angithi le nto ihambe ingigxibhela ikhuluma kabi ngami? Ngifuna ukukufundisa isifundo.'
'Ungishaya kanjena Sandanezwe ngoba izinsizwa zangakithi zingekho? Siyoze sinqwamane esikhaleni sezimpisi neziyendane ngiyakutshela.'
'Usakhuluma khona ukukhuluma mthakashanandini? Ngikuphahlaza ikhanjana khona manje,' kufutheka uSandanezwe esho emsikaza.

1.1 Ngubani udadewabo kaSandanezwe? (1)

1.2 Bhala isikhali esasetshenziswa uSandanezwe noZabalaza ngesikhathi belwa. (1)

1.3 Yisiphi isexwayiso uNokulindela asinikeza uSandanezwe mayelana nesenzo sakhe sokushaya umuntu eselele phansi? (1)

1.4 Kwalilimaza kanjani ikusasa likaZabalaza ukushaywa nguSandanezwe phambi kukaNokulindela? (2)

1.5 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana?

… babone umuntu njenganjeya **ehalazela**… (2)

1.6 Bhala izizathu EZIMBILI zikaZabalaza zokungafuni ukudela/ukuyeka ukushela uNokulindela. (2)

1.7 Shono isizathu esenza uNomgedla agcine evumile ukusiza uZabalaza ngokufakela uNokulindela umuthi wentando nakuba ayengathandi. (2)

1.8 Xoxa ngezigameko ezaphazamisa ukwelashwa kukaSandanezwe nguNonkamfela. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.9 Uyavuma noma uyaphika ukuthi umlandi/umxoxi ungomunye wabalingiswa bale noveli? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

1.10 Hlaziya isakhiwo sale noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE

1.10.1 Bhala isibonelo sodweshu lwangaphandle olutholakala kulesi siqeshana. (2)

1.10.2 Isiphetho (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

'… Pho yiliphi idlozi elingavimbela izifiso ezinhle kanjena?'
'Asazi phela kodwa nakuba kungayi ngezifiso nezilokotho zabantu kodwa kulokhu nginethemba lokuthi kuzohamba ngokwezifiso zethu.'
'Amadlozi noSimakade ngeke benze ukuthi ubukhona babo sibungabaze.'
'Lisho uliphinde lelo. Mhlazane ngasinda, ngizimisele ukuwisa enkulu inkabi ngenze umsebenzi wokuzibongela kuMdali nakwabaphansi.'
Nakuba uNokulindela wayesengcono kodwa babungabonakali ubungcono kuSandanezwe. Into eyayilokhu imqinise ngamandla yikho ukudumba kwezimbilaphu okwase kwelekelelwa ukudumba kwayo yonke into eyindlala emzimbeni wakhe. Ngalesi sikhathi sengathi noNonkamfela wayesenqena ukusho ukuthi kuyamdida lokhu kufa ngoba esikhundleni sokuthi ancibilike wayeseya ngokuya ehusheka. Wayesengenwa nayiphika inhliziyo yokudla yona ingasekho. Ngendlela ayeseyiyo wawungafunga uthi unenyoka esiswini. UNonkamfela wayelokhu ebamba eyeka engasazi ukuthi yiwona muphi umuthi ozosebenza ngoba nasithondini asitholakali hleze inkinga yayizoxazululeka. Wayesenovalo naye lokuthi funa sithi siqambe sithi siyatholakala kube ukufa sekuhambe kakhulu. Lokhu kudumba kwezimbilaphu yikhona okwakumxaka kakhulu uNonkamfela ngoba nakuba wayeke ezwe ngekhubalo elinjalo kodwa lalinabantu balo abalelaphayo, yena nje wayengakaze alelaphe. Lesi sifo sasibonakala ukuthi umsuka waso uhambisana nazo lezi zimbilaphu.
Inhliziyo yokwethemba ayisheshanga yashabalala kuMfo kaMkhumane, wayelokhu ezitshela ukuthi kuzolunga, inqobo yikho ukuthi ngcono kuhlulekwe kuzanyiwe.

1.11 Ngubani isibongo sikaSandanezwe lo okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

1.12 Bhala igama likamzala kaSandanezwe ayesebenza naye ezitimeleni zamanzi. (1)

1.13 Ngabe isithombe esikukhava yale noveli siyahambisana yini nendaba? Sekela impendulo yakho. (2)

1.14 Phawula ngesenzo sikaSandanezwe sokuqonywa izintombi eziningi ngesikhathi esasebenza ezitimeleni zamanzi eThekwini? (2)

1.15 Abafundi bangazuzani ngokufunda le noveli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.16 Bhala izenzo zikaNonkamfela EZIMBILI kule noveli ezimveza njengomuntu ongenza noma yini ukuze kuphumelele umsebenzi wakhe wokwelapha. (2)

1.17 Ukuziphatha kukaZabalaza kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? Sekela impendulo yakho. (2)

1.18 Ukuba wena wawungomunye wabomndeni kaSandanezwe wawuyomeluleka uthini mayelana nalesi simo sokugula ayebhekene naso? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 2: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-C no-D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Kazi le imali yami iyobuyiswa ubani, nini?' Azibuze lo mbuzo uBheki angayitholi impendulo. Akahlalanga kakhulu esikoleni uBheki. Waphuthuma ukuyokhipha imali. Wabuya wazolinda uPamella. 'Uma le mali ingabuyi isiyongena **elobolweni**,' uBheki lowo ezikhulumela yedwa. Uhleli nje uqalaza lo mlungu amlindile. Emva kwesikhashana nje atheleke uPamella. Ufika ngemoto ebomvu. Athi ukwethuka uBheki. Akhumbule ukuthi uLindiwe naye wathathwa imoto ebomvu. Abone uSifiso ephakamisa isandla ebingelela uPamella. Imxake futhi leyo nto uBheki. Ubengazi ukuthi uPamella noSifiso bayazana. Aqonde kuPamella uBheki. Babingelelane. Akhiphe imali uBheki.
'Ngiyibale?'
'Ungazihluphi.'
Abonge uPamella. Asuse imoto ahambe. Ayibuke le moto ize iyosithela. Athathe izinombolo zayo.
'Kanti nawe usuyikhasimende yini?' USifiso lowo obuzayo.
'Usho ukuthini uma usho njalo Sifiso?'
'Bengingathi uyathenga kuPamella?'
'Bengingathengi. Uthunywe uTholakele uPamella. Kukhona into edayiswa uPamella?'
'Bengithi uyazi Bheki. Uma ungazi asiyeke. Kanti uTholi wathi usebenzaphi kuwe?'
'Sengathi wathi efemini.' Asuke ahleke uSifiso. Anikine ikhanda.
'Ungaze uyoshada nomuntu ungamazi ukuthi usebenzaphi?'
Yasuka yamcasula le nkulumo uBheki. Wamshiya kanjalo uSifiso waziyela ehhovisi lothisha.

2.1 Ngubani owayethunywe nguTholakele ukuba azolanda imali kuBhekani ngalolu suku? (1)

2.2 Ngubani igama lomngani kaBhekani ayesebenza naye? (1)

2.3 Yisiphi isexwayiso umngani kaBhekani amnikeza sona mayelana nesenzo sakhe sokuthandana nomfelokazi? (1)

2.4 Wayenzenjani/wayethini uTholi uma uBhekani embuza izinto ezimayelana nempilo yakhe? (2)

2.5 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana?

'Uma le mali ingabuyi isiyongena **elobolweni**, (2)

2.6 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi uBheki angamthandisisi uPamella. (2)

2.7 Shono isizathu ESISODWA esenza ukuthi uBhekani angakuthandi ukuyobhula. (2)

2.8 Xoxa ngesigameko esisencwadini esenza umshado kaBhekani wama nse. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.9 Uyavuma noma uyaphika ukuthi umlandi/umxoxi ungomunye wabalingiswa bale noveli? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

2.10 Hlaziya isakhiwo sale noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE

2.10.1 Bhala isibonelo sodweshu lwangaphakathi olutholakala kulesi siqeshana. (2)

2.10.2 Isiphetho (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

'Izinto ezithintana nabaphansi azijahwa mfana wami. Manje yena lo makoti uyoze afike nini lapha? Ngelanga lomshado kuphela?'
Athule uBheki. Acabange lo mqansa obekwa unina. Inhliziyo yakhe nokho ithi ukwesasa. Sengathi unina uyehla manje.
'Lo mcimbi okhuluma ngawo wempepho nembuzi uyokwenziwa ekhona yini uTholi?'
'Kufanele abe khona phela. Kanti abaphansi bazothi sikhuluma ngobani?'
'Ngiyezwa mama.'
Asuke lapho uBheki ahambe. Uyocinga yena uTholi lowo. Into eyamhlupha ukuthi uTholi sengathi wayengezwani nalezi zinto zamasiko. Abone uBheki ukuthi into engcono yikho ukuthi ancenge. Afike endlini kaTholi kuvaliwe. Asole ukuthi kokunye uTholi akekho. Angqongqoze emnyango. Kuthulekile. Angqongqoze futhi. Kuthi nya. Kuthi ngesikade uvuleke umnyango.
'Kanti nguwe?' Asho ahleke uTholi.
'Nivaleleni emnyango?'
'Sibala imali lapha Bheki.'
Athule uBheki. Abheke uTholi kancane. UBheki abingelelane noPamella. Uyasebenza uPamella. Uyabala. Iningi imali ebalwayo. UTholi abone ukuthi uBheki sengathi ayimphethe kahle le nto yokufica uPamella lapha.
'Niyithathephi imali engaka Tholi?'
'Ifike noPamella.'
'Eyithathephi yena?' Asho liqine izwi lakhe uBheki manje.
'Sithandwa uzokutshela uPamella uma eseqedile.'
Athule uBheki athi ukucabanga kancane. Kufike ukucasuka ngokushesha. Azibuze ukuthi yini imali izobalelwa endlini kaTholi.

3.11 Ngubani oxoxa noBhekani ekuqaleni kwalesi siqeshana? (1)

2.12 Bhala igama likamama wengane kaBhekani. (1)

2.13 Ngabe isithombe esikukhava yale noveli siyahambisana yini nendaba? Sekela impendulo yakho. (2)

2.14 Phawula ngesenzo sikaBhekani sokungethembeki kwezothando. (2)

2.15 Abafundi bangazuzani ngokufunda le noveli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.16 Bhala izenzo zikaTholakele EZIMBILI kule noveli ezimveza njengomuntu ongenza noma yini ukuze athole imali. (2)

2.17 Ukuziphatha kukaZenze kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? Sekela impendulo yakho. (2)

2.18 Ukuba wena wawungomunye wabomndeni kaBhatomu wawuyomeluleka uthini mayelana nokulwisana kwakhe noBhekani ngoba bebanga uTholakele? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 3: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-E no-F) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA E

**(Emzini kaDuma. UDuma noMbandlwa bayaxoxa balungisa amaphepha esaziso somhlangano. Etafuleni kugcwele amaphepha lawo.)**

| | |
|---|---|
| DUMA: | Le ndlu isinesikhathi eside yagcina ukuhlanzwa, selokhu kwahamba uMaShezi. |
| MBANDLWA: | Uyaganga uMaShezi. Ngempela ziyamehlula izifungo azenza mhlazane nishada. Ngumfazi onjani othengisa indoda yakhe ezitheni? Yikho nje thina bothina sizihlalele. Kuhle ukuganwa kodwa babuye bahluphe laba bantu besifazane. Mhlawumbe nje kuyisibusiso lokhu kuhamba kwakhe ngoba lolu hlelo ngabe eseluchithile. |
| DUMA: | Ngempela iqiniso ngoba izaziso lezi, ubezozishisa ngomlilo. Phela kubuye kuvuke kuye ukuthi wayeyintombi yakwaMashu. Akulutho nje ngoba mina ngiyakholwa ngukuthi uzobuya uma esezwe izindaba zokunqoba kwethu. |
| MBANDLWA: | Vele sizonqoba ngoba umhlangano wethu uzobe uqashelwe ngamapho yisa. Uyabona, njengoba nodaba lobukhona bamaphoyisa libhaliwe kulezi zaziso, abantu bazokhululeka ekwasabeni. Ngaleyo ndlela-ke, isizwe sonke sizofika ngobungako baso. |
| DUMA: | *(aqoqaqoqe izaziso eziqondene naye)* Mfo, nawe qoqa okwakho sihambe siyonamathisela. |
| MBANDLWA: | *(naye aqoqaqoqe izaziso ezisele)* Usushilo! Phela ikhansela lingumlomo ongathethi manga. *(ahleke)* |
| | (Baphume nemigodla yabo.) |
| | (UMbandlwa umatasatasa unamathisela izaziso. Kuqhamuke induna uDlamini.) |
| DLAMINI: | *(ame ngemva kwakhe, ambuke ematasatasa enamathisela)* We Mbandlwa! Ngempela nje nina ninoDuma, seniyazenzela? *(awugqolozele umbhalo lo)* |
| MBANDLWA: | *(angaphenduli kodwa amane aphenduke ambuke kabi anikine ikhanda)* \ |
| DLAMINI: | *(ngokufutheka)* Hhayi bo! Ngiphendule wena mpohlo ndini! |

3.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

3.2 Ngubani uMbandlwa okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

3.3 Iziphi lezo izifungo uMbandlwa athi zihlula uMaShezi? (2)

3.4 Obani abayizitha zikaMbandlwa noDuma? Bhala ABABILI. (2)

3.5 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka ngesikhathi unogada efika kwaDuma ethunywe yinkosi ukuthi akazomcela eze emzini wayo. (2)

3.6 Bhala into EYODWA eyayizosiza abantu uma kulethwa intuthuko kule ndawo. (2)

3.7 Yini eyenza ukuthi inkosi uShandu ingakwazi ukudingisa uMbandlwa noDuma? (2)

3.8 Bhala isizathu ESISODWA esenza ukuthi uShandu ayekise uMaNgema ukusebenza. (2)

3.9 Ngokuwufunda kwakho lomdlalo, ngabe ubani ummeleli? Sekela impendulo yakho. (2)

3.10 Lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo? (2)

3.11. Ngamaphuzu AMABILI phawula ngodweshu olwenzeka esikoleni eNdabuzekwayo ngosuku lomhlangano. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

**(Kusesibhedlela, inkosi uShandu ilele embhedeni. Usebukeka engconywana ngoba uyakhuluma. Eduze kwakhe kukhona uMaNgema, uMfundisi uMazongolo, usayitsheni, uMaShezi kanye noDuma.)**

MAZONGOLO: Ngicela ukuthandaza. Masivaleni amehlo. *(Bonke bavale amehlo, bahlanganise izandla.)* Jehova Mdali weZulu nomhlaba, siyazithoba phambi kwakho. Siyabonga baba ngokusinika leli thuba elisezandleni zethu njengamanje. Baba, sicela wehlise umoya wakho oyiNgcwele usilawule. Kukho konke esizokwenza, kube yilokho okuthandwa nguwe. Uphinde baba uvakashele isizwe senkosi uShandu. Baba uthele umoya wakho kuso lwehle ulaka. NoNdabezitha baba msikelele, wenze izimanga zakho asinde abuyele ekhaya. Nemindeni esemanzini njengamanje yibophe ngebhande likamoya oyiNgcwele. Konke lokhu sikucela egameni lomfeli wethu uJesu Kristu, Amen.

ABANTU: Amen.

SHANDU: *(Ngezwi elikhathele.)* Mfundisi, ngiyabonga. Nawe MaShezi, ngiyabonga kuwe. Ngingakhohlwa nguwe sayitsheni.

MAZONGOLO: Hhayi-ke, yithuba elihle leli. Okokuqala nje mina ngiyathokoza ngoba uma ngiyibheka inkosi, ngiyibona izolulama. Cha, bayasebenza odokotela.

MANGEMA:

| | |
|---|---|
| DUMA: | *(Aqondise kumfundisi.)* Baba Mfundisi odokotela bayasebenza ngoba nangu ubaba ebonakala eswabuluka. Mina bengithi sekuphelile. Cha, bathe akezungena engozini futhi kusize kona ukumphuthumisa kwethu.<br><br>*(Asondele ngasenhla kombhede. Uhlikihla izandla njengomuntu ohloniphayo.)* Ndabezitha, shwele. Kunje nje, kungenxa yami. Ngiyaxolisa Ndabezitha. |

3.12. Yini eyenza inkosi uShandu ibone kunesidingo sokubonga uMaShezi? (2)

3.13. Yini eyayenza usayitsheni angamsoli uDlamini ngokushaya uMbandlwa? (2)

3.14. Yini eyenza ukuthi uMaShezi ashintshe umqondo mayelana nokuthi uDuma athathise enkosini uma ezoba nomhlangano? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.15. Kungani uDuma asho la mazwi alandelayo?

Ndabezitha, shwele. Kunje nje, kungenxa yami. (2)

3.16. Phawula ngomyalezo noma isifundo esitholakala kulo mdlalo. (2)

3.17. Ngokwakho ukubona ngabe kufanele yini umuntu oyimpohlo abekwe esikhundleni? Sekela impendulo yakho. (2)

3.18. Uyagculiseka yini isiphetho salo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 4: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA G**

| | |
|---|---|
| *(Ngesonto ntambama kwaMbhele. Bekuhlangene ikomidi lezezimali lebandla lapho kusonta khona abakwaMbhele.)* | |
| MFUNDISI: | *(Ngokuzithoba)* Ndodakazi, usuyosibongela kundodana ngokusivumela sisebenzele emzini wakhe njengoba bekube nenkinga ukuba sihlanganele esontweni namuhla. |
| MANSIBANDE: | Impela bo usibongele kubaba uMbhele ngomusa wakhe. Angadinwa nangomuso. |
| SONTO: | |

| | |
|---|---|
| | Akanankinga umyeni wami, uyathanda ukusiza. Ngizowudlulisa kodwa umyalezo. |
| MFUNDISI: | |
| | Kuyofanele simbonge noNkulunkulu bodadewethu uma amagatsha ethu esenza umnikelo ongaka ngenyanga nje eyodwa. |
| MANSIBANDE: | |
| | Impela baba akabongwe uNkulunkulu. Hhayi, banikelile abazalwane, nami bengithi asibalanga kahle, ngendlela nje imali ebe ningi ngayo. |
| MFUNDISI: | |
| MANSIBANDE: | Manje bantabami nansi indaba enkulu, sizokwenzenjani ngemali njengoba ilanga selishonile nje nasebhange kungavulwa ngamaSonto? Phela ibivamise ukuhamba nobaba uNtanzi ngoba vele usebenza khona ebhange, nakho-ke manje usesebenzela kwenye indawo. |
| SONTO: | Mina baba ngibona kungcono ukuthi ihambe nawe bese uvuka ekuseni uyiyise ebhange. |
| MFUNDISI: | Impela nami baba ngifakazelana nonobhala. Ngoba vele uhlala endlini yesonto uzofike uyifake esisefeni sebandla. |
| MANSIBANDE: | Yebo bantabami, ngiyanizwa.Usuyongibeka-ke nobhala ngemoto yakho ukuze phela ngingahlangani nezigilamkhuba **zingenzakalise**. |
| SONTO: | *(Emoyizela)* Bengivele ngizokubeka baba. |
| MANSIBANDE: | Nginganiphinda yini ngokuphuzwayo? |
| MFUNDISI: | Hhayi dadewethu, ilanga selishonile manje. Kodwa phela angazi kubaba uMfundisi. |
| | Usho ukuthi selishone ngaleyo ndlela? Cha, akusenani umphimbo usuyogwinya wona amathe. *(Bahleke bonke sebeme ngezinyawo.)* |

4.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

4.2 Ngubani isibongo sikaMfundisi okuxoxwa ngaye kulesi siqeshana? (1)

4.3 Yini eyenza ukuthi uSonto angamvakasheli uMthofi ngesikhathi eboshiwe? (2)

4.4 Kwenziwa yini ukuthi imali yomnikelo ihambe nomfundisi ngalolu suku? (2)

4.5 Fingqa ngamaphuzu AMABILI isigameko esenzeka endlini okuhlala kuyo umfundisi ngosuku adutshulwa ngalo. (2)

4.6 Bhala into EYODWA efanayo phakathi kukaSonto noMaNtuli. (2)

4.7 Yini eyenziwa uNhleko ukukhombisa ukuthi ungumseshi onobuhlakani? (2)

4.8 Yiziphi izizathu ngokusho kukaNtshangase ezingenza uSonto afune ukubulala uMbhele? (2)

4.9 Ngokuwufunda kwakho lomdlalo, ngabe ubani ummeleli? Sekela impendulo yakho. (2)

4.10 Lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo? (2)

4.11 Ngamaphuzu AMABILI phawula ngodweshu olwenzeka ngeikhathi uSonto efika noNhleko emzini kaMaNsibande. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

(*Selithethiwe icala likaMaNsibande. Inkantolo imthole engenacala. USonto ube khona enkantolo, kunele kwaphuma isigwebo wahamba waya kubo eseyothatha izimpahla ukuze ahambe angaziwa ukuthi washonaphi.)*

MAMKHIZE: (*Ngosizi*) Kodwa Sonto mntanami kubaluleke ngempela ukuthi uhambe?

SONTO: (*Esemi ngezinyawo ephethe izikhwama ngesandla*.)
Kumele mama ngihambe, kayikho into engingayenza.

MAMKHIZE: (*Esula izinyembezi.)* Kulungile mntanami, angingalokhu ngikubangela amabhadi ngezinyembezi. Uhambe kahle.

SONTO: Ngiyabonga mama. Ngicela ungibhekela kahle uZinhle.

MAMKHIZE: Hhayi bo! Wakhuluma sengathi awuseyukubuya nje?

SONTO: (*Amehlo egcwele izinyembezi*.) Ngizobuya mama,
ukuthi okwamanje angikazi ukuthi ngizobuya nini.

(*Babambane, bavelelisane, aphume uSonto. Nakho esezithela kuNhleko emnyango.)*

NHLEKO: (*Ehleka kancane*) Kubukeka sengathi kukhona lapho uya khona nkosikazi Mbhele.

SONTO: Ngingakusiza ngani?

NHLEKO: Ngezandla zakho.

SONTO: (*Eshintsha ebusweni ehlina.)* Ngezandla zami?

NHLEKO: Yebo, ngifuna ukukubopha.

SONTO: Ngicela ungangibambezeli, ngijahe kabi.

| | |
|---|---|
| NHLEKO: | Nkosikazi Mbhele usuboshiwe, uboshelwa ukubulala uMfundisi Zondo kanye nokweba imali. |
| SONTO: | Ini, mina? |
| NHLEKO: | Kangikaqedi ngamacala akho. Okunye oboshelwa khona ngukubulala umkaMbhele, kawaze wama lapho, wabuye wakha amaqhinga okuba kwayena uMbhele lowo abulawe. |
| SONTO: | Mina? Hhayi, ayikho leyo nto! |
| NHLEKO: | Uma kunguwe uSonto Mbhele impela ngisho wena.<br>(Aphenduke uSonto aphindele endlini.) |

4.12. Yini eyenza uSonto abone kunesidingo (need) sokuthi abaleke? (2)

4.13. Yini eyadala ukuthi uMaNsibande avalelwe ejele? (2)

4.14. Kungani uSonto agcina eseshintshe umqondo ngokuhamba nabantu ababeyolanda umfundisi esibhedlela? (2)

4.15. Kungani uNhleko asho la mazwi alandelayo?

Ngezandla zakho. (2)

4.16. Phawula ngomyalezo noma isifundo esitholakala kulo mdlalo. (2)

4.17. Ngokwakho ukubona ngabe kwakufanele yini uMbhele ame ngesikhathi imoto eyayimlandela imkhanyisela amalambu imyalela ukuba ame? Sekela impendulo yakho. (2)

4.18. Uyagculiseka yini isiphetho salo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**